# USARS uphume phambili empini yenkantolo lapho ububhekene khona nomkhokhintela oyiselelesi

**Tshwane, 24 kuNtulikazi 2023** – UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) usamukele isinqumo seNkantolo Ephakeme Yokudluliswa Kwamacala, esichitha nezindleko amacala amabili ayedlulisiwe ephikisana nesinqumo soMnyango weNkantolo Ephakeme yaseGauteng, ePitoli (inombolo yecala 543/2021); kanye noMnyango weNkantolo Ephakeme KwaZulu-Natal, ePietermaritzburg (inombolo yecala 409/2022).

Esokuqala kwakyisicelo sokudluliswa kwecala ngesinqumo sokuphetha esasikhishelwe ummangali, i-PFC Properties (Pty) Ltd (PFC), sivuna uSARS, esakhishwe yiNkantolo Ephakeme YasePitoli. Isicelo sesibili sokudluliswa kwecala sasingesesinqumo esakhishwa iNkantolo Ephakeme YasePietermaritzburg, lesi esasichitha isicelo sokufaka i-PFC ohlelweni lokutakulwa kwebhizinisi.

Udaba olwaluphambi kwe-SCA kwakungukuthi ingabe indlela yokuziphatha ye-PFC kanye nabaphatheli be-De Robillard Family Trust ekufakeni isicelo sokufaka ibhizinisi ohlelweni lokutakulwa, kwathikameza inqubo yenkantolo noma cha. I-SCA yathola ukuthi isicelo kwakungamele sibhekwe ngokuthi ukusetshenziswa kwaso kwakuwukuthikameza. Inkantolo ithole ukuthi isicelo sokutakulwa kwebhizinisi kwakuyiqhinga nje.

Ngenxa yalokho-ke, isicelo sokutakulwa kwebhizinisi asikwazi ukumisa isicelo sokuhlakazwa kwenkampani ngoba lokhu kokuqala kuchaphazelwe ukuthikamezeka. Ngale kwalokho, abaphatheli be-De Robillard Family Trust behlulekile ukuveza ukuthi akhona amathuba okuthi ibhizinisi le-PFC lingatakuleka. Zonke izimpahla zayo zithengisiwe kanti futhi isilahlekelwe yisisekelo sayo. I-SCA iphinde yathola ukuthi isinqumo sokuhlakazwa kwenkampani esakhishwa yiNkantolo Ephakeme YasePitoli singephikiswe. Ngenxa yalezi zizathu, zombili izicelo zokudluliswa kwamacala zichithwe nezindleko zamacala.

USARS uyavuma ukuba ukutakulwa kwebhizinisi yindlela esebenzayo yokugwema ukuwa kwenkampani esebenzayo nokugcina umnotho ozinzile. Kulezi zikhathi ezinzima kwezomnotho, ukutakulwa kwebhizinisi kuyafanela.

UKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter uthe, “kubi ukuthi abanye abakhokhintela badlala ngezinqubo zokutakulwa kwebhizinisi, okulimaza ababolekisi. Ezikhathini eziningi, isisulu kuba isikhwama semali eqoqwayo. USARS uzoqhubeka nokuqinisa isandla lapho kudlalwa khona ngezinqubo zokutakulwa kwebhizinisi okulimaza imali eqoqwayo. Izicelo ezifana nalezi sizoziphikisa ngokungangabazeki”.

USARS angeke ugoqe izandla uma abakhokhintela bengasebenzisi ngendlela izindlela zoMthetho Wezinkampani ngokwenza okulimazayo ukuphuca uSARS lokhu okumele kuze kuye nokumele kukhokhwe esikhwameni. Namaphi amacebo acetshiwe okubamba izintela angeke aphumelele.

USARS uyohlala njalo usebenza ngendlela eyeseka ukukhula komnotho ngokuhambisana nokusungula amathuba omsebenzi. Lapho, ngenxa yanoma isiphi isizathu ibhizinisi lingasakwazi ukusebenza kahle, bonke ababambiqhaza enqubweni

kumele baziphathe ngobungcweti futhi bangasabi, bangenzeleli noma bangahlukumezi labo abakweletwayo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne- SARSMedia@sars.gov.za